



NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
NOVEMBER 2013

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA I
ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER I

Isikhathi: Amahora ama-2½

Amamaki ayi-100

QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO

1. Leli phepha linamakhasi ayi-14. Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.
 2. Leli phepha lineziqephu EZINE.
 3. Phendula zonke IZIQEPHU.
 4. Qala isiqephu ekhasini elisha.
 5. Qiniseka ukuthi **awuyixovi** imibuzo.
 6. Phendula yonke imibuzo ngesiZulu.
-

ISIQEPHU A ISIFUNDO SOKUQONDISISA**UMBUZO 1**

Funda le ndaba elandelayo bese uphendula imibuzo.

Iphathi kaVictor noThemba

1. NguLwesihlanu ntambama. UVictor nabangane bakhe bajabule kakhulu ngokuphumelela ukuhlolwa kwabo. Bazokwenza iphathi emnandi. Badlala umculo, bayacula, futhi bayaxoxa babuye bahleke ngesikhathi belungisa izinto zokosa inyama. UVictor ukhombisa abanye abafana indawo yokosa inyama eseduze nechibi lokubhukuda (swimming pool). Uyaziqhenya ngalokhu ngoba nguye oyakhileyo le ndawo yokosa.
2. Abathandanga ukumema amantombazane ngoba bathi ayashesha ukuthukuthela uma kudlalwa. Bona bafuna ukuthelana ngamanzi futhi baphonsane echibini lokubhukuda. Abathandanga futhi ukuwamema ngoba abafuni amantombazane ababone uma sebebhuzile. Besaba ukuthi azobahleka.
3. Bawubasa umlilo. Bafaka inyama emlilweni lapho amalahle eselungile. Namhlanje ilanga **likhipha umkhovu etsheni**. Abafana baqala bajuluka bamanzi te. Yilapho uVictor waqala waletha obhiya ababandayo. Ukwenza lokhu ngokuntshontsha ngoba wayengafuni abazali bakhe bambone. Phela abazali bakhe abazithandi izingane eziphuzayo. Baqala bakhumula amahembe abo. UVictor wezwakala ememeza, "Inyama isizovuthwa khona manje. Kodwa wozani sibhukude kuqala!"
4. Abafana bamlandela bagxuma bangena emanzini. Babanga umsindo omkhulu bedlala bethelana ngamanzi. Wezwakala uThemba ethi, "Senze kahle sangabamema oDolly ngoba ngabe bathukuthele manje." Washo uThemba ezwakala nje ukuthi **uzishaya isifuba** ngalesi sinqumo sabo.
5. Besadlala babonainja enkulu ivele ekhonenilendlu. Le nja yayingangebhubesi! Yasondela kubo ikhonkotha. Iqale manje igijime iqonde kubo. Ngokwethuka abafana baqale babaleke bagcwale ihlathi. Lapho uVictor ebonainja yakhe, uBobby, wazama ukwenza bangesabi abangane bakhe, kwatholakala ukuthi sekusemva kwesikhathi.
6. UPatrick noXolani baphumelela ukugibela emithini. UThemba yena akakwazanga ngisho ukuphuma echibini lokubhukuda. Uyakhala kakhulu! UBobby ufuna ukudlala nabafana, hhayi ukubalimaza. Wagxumela emanzini. Lokhu kwenza ukuthi uThemba esabe kakhulu manje. Wakhala kakhulu. UVictor wazama ukubizainja ukuze iphume emanzini, kodwa ayifunanga ukuphuma. Yayicabanga ukuthi uThemba udlala nayo. UVictor wazama ukuthulisa umngane wakhe uThemba umsindo kodwa wehluleka. Wangena futhi emanzini ukuze abambeinja yakhe. Ayivumanga ukuphuma emanziniinja.
7. UVictor waphuma emanzini wagijima wabiza uyise. UMnumzane Davies weza ngokushesha. Wafika wathi, "Kwenzenjani lapha?" UThemba waphendula wathi, "Mnumzane Davies, ngicela ungisize! Ngafa. Ngisindise ekufeni! UMnumzane uDavies azame ukubamba uBobby embiza kodwa akavumanga ukulalela. Waqala wakhonkothela phezulu lapho uThemba esekhala kakhulu. Ekugcineni aphume emanzini agijime aye kuMnumzane Davies ethintitha amanzi emzimbeni wakhe. Agxumele phezukukaMnumzane Davies. Bobabili bawele emanzini. Wathukuthela kakhulu uyise kaVictor. Waphuma emanzini uBobby wathatha ithawula likaVictor wabaleka nalo. UMnumzane wayesethembe ukuthi uzosebenzisa lona leli thawula.



8. UThemba naye waphuma emanzini esathukile kakhulu. Wayeqhaqhazela ngenxa yokwethuka. UPatrick noXolani behla emthini lapho sebebona sekuphephile.
9. UMnumzane Davies esacabanga ukuthi uzosisula ngani, uBobby waqhamuka. Wayephethe ithawula emlonyeni. Oh! Laselingcole kabi manje. Waliwisela ezinyaweni zikaDavies wakhonkotha. Bonke bahleka manje. Basebebona ukuthi le nja iyadlala, ayinangozi. UBobby wagijima waya endaweni yokosa inyama. Abafana baqala ukukhumbula ukuthi bese inyama. Babona ifu elimnyama lentuthu enkulu. Bayilandelainja. Bafica inyama isishe kabi. UVictor wezwakala ememeza ethi, "Bafowethu sikhohliwe ukwelusa inyama. Bhekani manje isishe yaphela." UThemba wamphendula wathi, "Cha, Victor, sithi ngesiZulu sikhohliwe ukubheka inyama. Selusa izinkomo!" Bahleka bonke. Naye uVictor wahleka. Wezwakala esethi, "Wena Themba **unomlomo omude**." Masilungise konke ngaphambi kokufika kwemvula. Wayekusho lokhu ngoba kwasekubonakala ifu elimnyama phezulu elalikhombisa ukuthi kwakuza isichotho.
10. Bonke babheka phezulu babona amafu amnyama. Bezwakala sebekhala ngokwehluleka kwephathi yabo.

[Sivulele Singene]


Phendula imibuzo.

- 1.1 Bhala amagama abangani ababili bakaVictor abakule phathi. (1)
- 1.2 Yini ejabulise uVictor nabangane bakhe? (1)
- 1.3 Qondanisa isaga (noma isisho) nencazelo engenzansi:
unomlomo omude, likhipha umkhovu etsheni, uzishaya isifuba
 - 1.3.1 kuyashisa kakhulu (1)
 - 1.3.2 ukhuluma kakhulu (1)
- 1.4 Bhala **umqondophika** wala magama alandelayo. Izimpendulo zitholakala endabeni.
 - 1.4.1 izitha (par. 1) (1)
 - 1.4.2 encane (par.5) (1)

- 1.5 Bhala **umqondofana** wala magama alandelayo. Izimpendulo uzozithola endabeni.
- 1.5.1 ukuhlabelela (par. 1) (1)
- 1.5.2 ukucasuka (par. 2) (1)
- 1.6 UBobby uyinja enolaka? Sekela impendulo yakho. (2)
- 1.7 UVictor noThemba babengayilungiselelanga kahle iphathi yabo. Ukuba wena wawunguVictor yiziphi izinto EZIMBILI owawungazenza ukuze le phathi iphumelele? (2)
- 1.8 Ukuba wena ubunguVictor, ubungawamema amantombazane kule phathi? Sekela impendulo yakho. (2)
- 1.9 Wumbono noma yiqiniso ukuthi intsha yesizukulwane senkululeko inamalungelo kakhulu kunentsha yakudala eNingizimu Afrika? Sekela impendulo yakho. (2)
- [16]**

UMBUZO 2

Funda le ndatshana bese uphendula imibuzo elandelayo.



Indatshana yethu iqala lapho uZibonele ethenga iphasela kumthengisi omubi. UZibonele wasuka lapho waya endaweni ecashile, waqala wabhema loku abekuthenga. Wayebonakala ebusweni ukuthi uyayijabulela le nto ayibhemayo. Waqhubeka uZibonele nokubhema ama-drugs.

Wayesentshontsha imali ekhaya ukuze akwazi ukuthenga le nto yakhe. Ziningi ezinye izinto ezimbi ezenziwa ngabantu abadla ama-drugs. Abanye badlwengula futhi babulale abantu besifazane abangenacala. Baningi osaziwayo abadla le nto bese behlukumeza abesifazane. Into ebuhlungu ukuthi kulukhuni ukuyeka uma usuqalile.

UZibonele wazama naye ukuwuyeka lo mkhuba kodwa wahluleka. Emva kwesikhathi wagula. Waphathwa isifuba. Umzimba wonke waqhaq hazela. Odokotela bahluleka ukumsiza. Ekugcineni **wahamba emhlabeni**. Lokhu kwawuhlukumeza umndeni wakhe, ikakhulukazi umama wakhe owayemthanda kakhulu. Kwaba buhlungu kakhulu ekhaya, kodwa bonke bazama ukubhekana nesimo.

[IsiZulu Esimnandi]

2.1 Bhala imiphumela **emibili** yokudla ama-drugs ngokwendaba. (1)

2.2 Ngokwale ndaba (kulula NOMA kunzima) ukuyeka ama-drugs uma usuwaqalile? (1)

- 2.3 Bhala igama lesiZulu elisho ama-*drugs*. (1)
- 2.4 Umbhali usebenzise isifenqo **isihlonipho** kule ndaba. Uhlonipha UKUFA. Khipha amagama akhombisa lesi sifenqo endabeni. (1)
- 2.5 Wena wawungamsiza ngani lo mfana okukhulunywa ngaye? Bhala kube **kubili**. (2)
- [6]

UMBUZO 3

Buka lesi sithombe bese uphendula imibuzo elandelayo.



[IsiZulu Sethu Esicebile]

- 3.1 Ucabanga ukuthi kukhonani ezikhwameni eziphethwe ngabafundi abagijimayo? Bhala kube KUBILI. (1)
- 3.2 Ngombono wakho, kusehlobo noma kusebusika lapha? Sekela impendulo yakho. (2)
- 3.3 Bhala amazwi ocabanga ukuthi ashiwo yindoda eshayela ugandaganda. (1)
- 3.4 Qhathanisa othisha ababili abakulesi sithombe. Bhala kube KUBILI. (2)
- 3.5 Ucabanga ukuthi lo mfundi kamatric ungowesizukulwane senkululeko? Sekela impendulo yakho. (2)
- [8]

ISIQEPHU B UKUFINGQA**UMBULO 4**

Funda le ndaba bese uyifingqa ngamaphuzu AMAHLANU (bhala amagama angu 45 kuya ku 50). Fingqa ngokuphendula imibuzo engenzansi.

Isithembu

Ngelinye ilanga uMthembu wayehleli emzini wakhe ebusuku ecabanga ngoMaDludla inkosikazi yakhe eseyahamba emhlabeni. UMthembu ubiza indodakazi yakhe uNomusa owayegeza izitsha ekhishini. Uthe uma efika uNomusa uyise wahlala phezu kwendaba.

"Ngithi awuyi lapho!"

"Ngiyaya!"

"Ngithi eyami ingane ayiyi ukuyogana esithenjini."

"Angiyi ukuyogana isithembu, ngigana uSibanyoni."

"Ngithi-ke awuyi Nomusa!"

"Ngithi ngiyaya Baba!"

"Ngithi uma ngisaphila ngiwuyihlo awuyi entweni engiyibonayo ukuthi iyabheda."

"Ngithi ngiyaya Baba. Okungcono ngingafa."

"Ngithi awuyi!"

Ngolaka: "Ngiyaya!"

Kuthule endlini. Emva kwesikhathi uMthembu ubaba kaNomusa athi: "Suka phambi kwami Sathane!" Aphume uNomusa aye ekhishini. Waqhubeka nokugeza izitsha.

Uma uNomusa eqeda ukugeza izitsha wedlula kuyise wathi: "Ulale kahle Baba." Akezwanga lutho uMthembu.

Baqhubeka ubusuku. Umqondo ujikeleza ndawonye. Akalele uMthembu. Usethuswa ukukhala kweqhude. Hhawu! Sekusile. Sekuze kwasa elele kusofa.

Wathandaza uMthembu: "Baba ngicela kusebenze wena manje. Ngicela unginike amandla kulesi sinqumo esengisithathile."

Wasukuma uMthembu wamemeza uNomusa. Wafika uNomusa.

"Nomusa mntanami, usazimisele ngendaba yakwaSibanyoni?"

Ngokuzithoba uNomusa: "Yebo Baba. Ngicela ungixolele ngendlela engikhulume ngayo izolo Baba."

"Uyakwazi okwenzayo Nomusa?"

"Yebo Baba."

Kuthi nya eside isikhathi. Aphefumulele phezulu uMthembu.

"Kulungile-ke mntanami hamba usakhele umuzi kwaSibanyoni."

[Izizenze]

- Okuzobhekwa**
- **Sebenzisa amagama akho**
 - **Bhala imisho egcwele**
 - **Sebenzisa ulimi ngendlela efanele**
 - **Phendula le mibuzo engenzansi**

- Ngobani laba abakhulumayo futhi bakhuluma ngani?
- Bakhuluma nini futhi kuphi?
- Bakhuluma kanjani, futhi yini eyenza bakhulume kanje?
- Ngubani umama wekhaya? Uphi?
- Yaxazululeka kanjani le nkinga?

Amamaki angu-10

ISIQEPHU C IZINKONDLO**UMBUZO 5****Phendula imibuzo elandelayo ngezinkondlo ozifundile.**

5.1

Qhakaza kuhle kwekhwezi
Baniza kuhle kombani wezulu
Khazimula kuhle kwenkazimulo
Sibani sami khanyisa
'Ze impumelelo nentokozo kungengame

5.1.1 Bhala isihloko sale nkondlo. (1)

5.1.2 Yisiphi lesi sibani imbongi ekhuluma ngaso? (1)

5.1.3 Bhala isifenqo esitholakala emgqeni 2 kulesi stanza. (1)

5.1.4 Veza umoya otholakala kule nkondlo, bese usekela impendulo yakho. (2)
[5]

5.2

NAWE UNAKHO NJE

Wanginqumela ogodweni nje,
Wangihamba phansi kwezinyawo nje,
Wababaza intokomalo yezandla zami,
Wababaza ubumsulwa nobumnene benhliziyo yami,
Wadla inhlaba waba ugedleyihlekisa wenhlelekisa,
Wakunika nje uMdali okwakho wehluka kimi nabanye.

5.2.1 Le nkondlo inomoya wokukhononda. Ikhononda ngani imbongi? (1)

5.2.2 Yimuphi **umyalezo** otholakala kule nkondlo? Bhala OKUBILI. (2)
[3]

5.3

MBULALI

Ngiyakwesaba ngiyakwesabisisa
Mbulal'opheth'amanandinandi,
 Amanandinand' adelw' ocansini,
 Ucansi lokufa nembubhiso.

Ubumnandi bobusuku obubulalayo
Ubusuku bosuku lobusuku
 Obusus' usinga losizi nezinyembezi,
 Ha! Ngiyakwesaba we-Aids.

Aids! Manyonyoba futhi ungath' awenzi lutho
 Kanti wenz'omkhulu umsebenzi,
Mbew' eqhum' emva kweminyaka
 Yenabele kumatshitshi namaqhikiza,
 Yenabela kubafo nakubafokazana.

- 5.3.1 Luhlobo luni lwefanamsindo oludwetshelwe kule nkondlo? (1)
- 5.3.2 Inkondlo Mbulali ikhuluma ngesifo i-AIDS. Bhala lesi sifo ngesiZulu. (1)
- 5.3.3 Yisiphi isifenko esitholakala estanzeni 1, umugqa 2? (1)
- 5.3.4 Ichazani imbongi ngalawa mazwi: **Mbulali ophethe amanandinandi**? (2)
- 5.3.5 Chaza le nkulumo: **Mbewu eqhum'emva kweminyaka**. (2)
- 5.3.6 Yayikusiphi isimo imbongi ngesikhathi ibhala le nkondlo? Sekela impendulo yakho. (2)

[9]

5.4

IMPI YEPHEPHA

Ngibabonile behlome ngezinhle ndla nezihlangu,
 Ngibabonile begqize ngezindondo namadlokolo,
 Ngizwe kukhal' ububhuklubhuklu bhuklu!
 Isililo sontukazana sizwakele
 Kithi kwele mfundo sininga ngelizayo.

- 5.4.1 Khipha ifuzamsindo kulesi stanza. (1)
- 5.4.2 Bhala indikimba yale nkondlo. (1)
- 5.4.3 Yimuphi umoya otholakala kule nkondlo? (1)

[3]

5.5

IMALI	
1	Imali iyisithandwa somuntu wonke, Imali intandokazi kawonkewonke. Bonke bayayithanda, bayayifuna, Bonke bayayikhothamela.
2	Imali imibala miningi, Awukho omubi umbala. Umbala wemali uyaziwa, Waziwa nangubani.
3	Impilo yimpilo ngemali, Ngubani ongaphili ngemali? Ocebile uyifuna kakhulu, Ompofu uyifuna kakhulu.
4	Yintombi eqoma njalo imali, Isuka esokeni ihlale esokeni. Yintombi kayigugi! Yisoka elingaliwa!



[IsiZulu Esimnandi]

- 5.5.1 Bhala izinhlobo ezimbili zokuxhumana estanzeni 1 no 4, bese unika izibonelo. (2)
- 5.5.2 Veza isizura etholakala kule nkondlo. (1)
- 5.5.3 Phawula ngezitanza nemigqa kule nkondlo. (2)
- 5.5.4 Bhala izinhlobo ezimbili zemvumelwano bese unika izibonelo. (2)
- 5.5.5 "**Yintombi kayigugi**," Lesi yisifaniso NOMA yisingathekiso? (1)
- 5.5.6 Estanzeni 3, khipha amagama achaza lokhu:
- (a) Umuntu onemali eningi. (1)
- (b) Umuntu ongenamali, ohluphekayo. (1)
- [10]**

Amamaki angu-30

ISIQEPHU D UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI**UMBUZO 6**

Buka lezi zithombe bese wenza umsebenzi olandelayo.

**U-ANDILE****U-LIZA****U-JENNIFER****U-VUYOLWETHU**

6.1 Khetha igama elilungile emagameni akubakaki.

UJeniffer 6.1.1 (**ungumgijimi, ungugijimi, ungugijima**) odumile esikoleni 6.1.2 (**yakhe, sakhe, lakhe**). 6.1.3 (**Akathanda, Akathandi, Akalithandi**) ukudlala 6.1.4 (**eminye, omunye, elinye**) imidlalo, uthanda lo kuphela.

ULiza uthanda 6.1.5 (**umdlali, ukudlala, umdlalo**) wokubhukuda. Ubhukuda 6.1.6 (**amanzi, kumanzi, emanzini**) amaningi. 6.1.7 (**Kuyaboneka, Kuyabonakala, Kuyabonela**) ukuthi uLiza yintombazane ekwaziyo ukubhukuda.

(7)

6.2 Bangaki abadlali kulesi sithombe? Bhala ngamagama.

(1)

6.3 Bhala umdlalo ka-Andile ngesiZulu.

(1)

- 6.4 Lungisa **amaphutha** kule misho elandelayo.
- 6.4.1 Isikole saka-Andile sinemidlalo eminingi. (1)
- 6.4.2 Lomfana ugijima kakhulu. (1)
- 6.5 **Phikisa** le misho elandelayo.
- 6.5.1 UVuyolwethu ungumdlali webhola lezinyawo. (1)
- 6.5.2 Babedlala ibhola bonke. (1)
- 6.6 **Nciphisa** lawa magama abhalwe ngokugqamile:
- 6.6.1 **Izinwele** zikaJeniffer zikanyiwe. (1)
- 6.6.2 Isisu sika-Andile **sincane**. (1)
- [15]**

UMBUZO 7

Buka lesi sithombe bese wenza umsebenzi olandelayo.



7.1 Qala imisho ngamagama abhalwe ngokugqamile.

7.1.1 Umfana udla **ukudla okumnandi**. (1½)

7.1.2 Insizwa encane icabanga **intombi**. (1½)

7.2 Bhala igama elilodwa elihlanganisa/elimele wonke amagama akubakaki.

Isibonelo: Ehlathini ngibone (unogwaja, impala, ufudu, inyoka).

Impendulo: **Izilwane**

7.2.1 Phezu kwetafula kukhona (ujeke, ummese, namapuleti). (1)

7.2.2 Endishini kukhona (ubhanana, ama-apula namapheya). (1)

7.3 **Hlanganisa** le misho ngezihlanganiso ezifanele.

7.3.1 UVusi ulinde intombi yakhe. Intombi kaVusi ayifiki. (1)

7.3.2 UVusi uzodla. UVusi uzohamba. (1)

7.3.3 Qala lo musho njengoba ukhonjisiwe.

"Sengizohamba manje ngoba intombi yami ayifiki. Ngikhathele ukulinda.
Bekungemnandi ukudla ngedwa.

UVusi uthe ... (4)
[11]

UMBUZO 8

8.1 Bhala imisho EMIBILI ngegama –**sinda**- ukukhombisa izincazelo ezahlukenene. (2)

8.2 Ungathini uma uzithola kulezi zimo ezilandelayo?

8.2.1 Umngane wakho uphumelele ngamalengiso ekuhlolweni kwakhe kukamatikuletsheni. Uzothini kuye? (1)

8.2.2 Umama womngane wakho usesibhedlela. Nimvakashele. Uzothini kuye? (1)
[4]

Amamaki angu-30

Amamaki esewonke: 100